



When they won't read ...

We know that the more our children read, the better they get at it and the more they enjoy it. So, we provide lots of interesting books for children to read from an early age, read to them regularly and offer them gentle encouragement each time they read or look at books.

But what if you've done all these things and your child can read, but chooses not to? How do you "switch" them on to reading again or for the first time? Here are a few suggestions – some of them from children who stopped reading for pleasure for a while and then reconnected with it!

- ★ For some children, reading is difficult and so it's less likely that they will choose to read for pleasure. To help them discover the enjoyment that we can get from reading, try to find material on topics that you think will interest them. Books and magazines with more pictures than words can often make reading seem like less of a chore. Read together only for as long as your child seems interested – then leave the book or magazine lying around so that they can choose to look at it later.
- ★ Reading aloud to children regularly – no matter what their age – makes books and reading part of daily life. It is a great way to spend time relaxing together and allows your children to experience stories without having to read them themselves. The satisfaction that they get from time spent together sharing stories, is often enough to switch them onto reading for themselves.
- ★ Nagging never helps! Feeling bad about not reading doesn't encourage children to read – instead, it makes them resent reading. Rather let your children see you choosing to read in your spare time and leave different kinds of interesting reading material lying around your home in places that they will find them!
- ★ Visit the library or bookshops and let your children choose books that they want to read. Reading something is better than not reading at all, so don't worry if the books your children choose seem too easy for them, or are on subjects that you don't think are important. Respecting their reading choices helps them to grow as readers.

Lapho bengafuni ukufunda ...

Siyazi ukuthi uma izingane zethu zifunda kakhulu, ziya zithuthuka ekufundeni futhi ziya ngokuthokozela ukufunda. Ngakho, sihlinzeka ngezincwadi eziningi ezihlaba umxhwele zokwenza ukuthi izingane zifunde kusukela zincane, nawe zifundele njalo bese uzikhuthaza futhi njalo uma zifunda noma zibuka izincwadi.

Kodwa ungenzenjani uma usukwenzile konke lokhu kodwa ingane yakho noma ikwazi ukufunda, ikhetha ukungafundi? "Uyenza" kanjani ukuthi ikwazi ukufunda futhi, noma ukuthi ifunde okokuqala? Nazi iziphakamiso ezimbilwa – ezinye zazo zivela ezinganeni ezake zayeka okwesikhashana ukufundela ukuzithokozisa zaphinde zaqhubeka futhi!

- ★ Kunzima ukufunda kwezinye izingane, ngakho-ke mancane amathuba okuthi zikhetha ukufundela ukuzithokozisa. Ukuzisiza ukuthi zithole ukuzithokozisa esingakuthola ekufundeni, zama ukuthola okungase kufundwe okungezihloko ocabanga ukuthi zingazihlaba umxhwele. Izincwadi namaphephabhuku okunezithombe eziningi kunamagama, esikhathini esiningi kungenza ukufunda kungabi sengathi umsebenzi. Fundani ndawonye ngesikhathi ingane yakho esakuthanda ngaso ukufunda – bese uyiyeka lapho incwadi noma iphephabhuku ukuze ingane izikhethale ukuthi ikubuke lokho ekuhambeni kwesikhathi.
- ★ Ukufundela izingane kakhulu njalo nje – noma ngabe zingakanani – kwenza izincwadi nokufunda kube yingxeny yempilo yazo yansuku zonke. Yindlela ekhale yokuchitha isikhathi sokuphumula ndawonye futhi kuvumela izingane zakho ukuthi zizizwele izindaba ngaphandle kokuzifundela zona. Ukugculiseka ezikuthola esikhathini esichithwe ndawonye kwabelwana ngezindaba, kuvamise ukuthi kwanele ukuthi zingaba abafundi zona uqobo.
- ★ Ukucefuzela umuntu akuzange kwasebenza! Ukungazizwa kahle ngokungafundi akukaze kukhuthaze izingane ukuthi zifunde – kunalokho, kuzenza ukuthi zikuzonde ukufunda. Ngcono-ke wenze ukuba izingane zakho zikubone ukhetha ukufunda ngesikhathi sakho sokuthatha ikhefu bese ubeka okungafundwa okuhlaba umxhwele ezindaweni lapho ezizokuthola khona ekhaya lakho!
- ★ Vakashela umtapo wezincwadi noma isitolo sezincwadi bese uyekela izingane zakho ukuthi zikhethale izincwadi ezifuna ukuzifunda. Ukufunda okuthile kungcono kunokungafundi nhlobo, ngakho ungakhathazeki uma izincwadi ezifundwa izingane zakho zibukeka zilula kakhulu kuzo, noma uma zingezihloko ongacabangi ukuthi zibalulekile. Ukuhlonipha lokho ezikhetha ukufunda kusiza ukuthi zikhule njengabafundi.



Drive your imagination

Story Power.
Anywhere. Anytime. Anyone.
Noma kuphi. Noma nini. Noma nobani.



Story stars

Speaking out about stories

Meet the FUNda Leader Campaign ambassadors who are passionate believers in the power of stories and reading!



Abavelele ezindabeni

Ukuxoxa ngezindaba

Sikwethulela amnxusa oMkhankaso weFUNda Leader abanentshisekelo ngamandla ezindaba kanye nokufunda!

Mzwandile Lugogo, founder of Imbewu Yobomi

I call myself a township guru – a person who knows the ins and outs of the community. I understand the issues young people face. At Imbewu Yobomi, we do storytelling, reading, writing, drama, drumming – and even meditation!

Storytelling ignited my listening skills and made me self-confident. Through storytelling, I've become a creative thinker, and also talkative and flexible.

We need to become FUNda Leaders to improve basic education in South Africa. A child is raised by a community and we can all make a difference. We can turn this nation into book-aholics!

Mzwandile Lugogo



Hennie Lombard

UMzwandile Lugogo, umsunguli we-Imbewu Yobomi

Ngizibiza njengongoti waselokishini – umuntu owazi konke ngomphakathi. Ngiyazi ngezinto abantu abasha ababhekana nazo. E-Imbewu Yobomi, sixoxa izindaba, siyafunda, siyabhala, senza imidlalo yeshashalazi, sidlala nezigubhu – futhi senza nokudlinza ngokuthile buthule (*meditation*)!

Ukuxoxa izindaba kokhela amakhono ami okulalela futhi kwangenza ngazethemba. Ngenxa yokuxoxa izindaba, sengibe umuntu ocabanga ngobuciko, futhi ngikhuluma nakakhulu kanti ngiyakwazi nokumelana nezimo ezahlukene futhi.

Kumele sibe ngamaFUNda Leader ukuze sithuthukise imfundo eyisisekelo eNingizimu Afrika. Ingane ikhuliswa umphakathi futhi sonke singenza umehluko. Singaphendula lesi sizwe sibe ngabanxanele incwadi!

UMzwandile Lugogo



Hennie Lombard



Zoliswa Mabula, library volunteer

I started here at the library because they were looking for someone to tell stories and play with the children. I was not trained, but I managed to run outreach programmes for the library. I volunteered for ten years. It changed me a lot as a mother and helped me learn how to help my daughter at home. Reading helps children grow and makes them realise what is out there for them. I'm older now, but I still love reading!

Zoliswa Mabula



Hennie Lombard

UZoliswa Mabula, osebenza ngokuzinikela emtatsheni wezincwadi

Ngaqala lapha emtatsheni wezincwadi ngoba babefuna umuntu ozoxoxa izindaba nozodlala nezingane. Ngangingaqeqeshiwe, kodwa ngakwazi ukuqhuba izinhlelo zokusabalalisa usizo zomtapo wezincwadi. Ngaba yivolontiya iminyaka eyishumi. Kwangishintsha kakhulu njengomama futhi kwangisiza ukuthi ngifunde ukuthi ngingayisiza kanjani indodakazi yami ekhaya. Ukufunda kusiza izingane ukuthi zikhule futhi kuzisiza ukuthi zibone ukuthi yini ezingayithola. Sengikhulakhulile manje, kodwa ngisakuthanda ukufunda!

UZoliswa Mabula

Denise Newman, actress

As a performer, stories and their expression are very close to my heart. Ever since I can remember I have been reading stories and being told stories by my parents. With my own children, storytelling and reading were such an important part of their childhood.

My daughter went to a school where the headmaster had every single person at that school reading for ten minutes a day – everyone, from the children to the teachers to the groundsman, read every day. I still volunteer at my old high school, helping the children with the matric network or whatever else I can do to help. It's that simple really – just help children to read more!

Denise Newman



Hennie Lombard

UDenise Newman, umlingisi

Njengomlingisi, izindaba kanye nokuzenza zibe nomuzwa othile kuyinto engiyithanda kakhulu. Selokho kwathi nhlo ngikhumbula ngifunda izindaba futhi ngixoxelwa izindaba ngabazali bami. Ezinganeni zami, ukuxoxa izindaba nokufunda kwakuyingxenye enkulu yempilo yazo yobungane.

Indodakazi yami yayisesikoleni lapho uthishanhloko wayeqinisekisa khona ukuthi wonke umuntu wayefunda kulesiya sikole imizuzu eyishumi ngosuku – wonke umuntu, kusukela ezinganeni ukuya kothisha ukuya kwabasebenza emagcekeni, babefunda nsuku zonke. Ngisazinikela esikoleni sami samazinga aphezulu sakudala, ngisiza izingane ngezincwadi zakumatikuletsheni noma nganoma yini engingasiza ngayo. Kulula kanjalo empeleni – ukusiza izingane nje ukuthi zifunde nakakhulu!

UDenise Newman

FUNda
LEADER



Drive your
imagination

Rico Schacherl, cartoonist

I'm a cartoonist so I draw funny pictures for a living. I also draw things for Nal'ibali. I was very fortunate – my parents got me reading so much that I wanted to start creating my own books. I wanted to draw my own books and that's how I got started.

One of the biggest gifts you can give a child is a love of reading and learning. Storytelling and books are an incredible step to making children think bigger. Working for children and literacy is a chance to give something back.

Rico Schacherl

Hennie Lombard



URico Schacherl, umdwebi wopopayi nokuhlekisayo

Ngingumdwebi wezithombe zopopayi kanye nezinto ezihlekisayo ngakho ngidweba izithombe ezihlekisayo ukuze ngiziphilise. Ngidwebela noNal'ibali okuthile. Ngaba nenhlanhla kakhulu – abazali bami bangenza ngafunda kakhulu kangangoba ngaze ngafuna ukuqala ukuzenzela izincwadi zami. Ngangifuna ukudwebela izincwadi zami futhi, ngaqala kanjalo-ke.

Esinye seziphondo ezinkulu ongazinikeza ingane uthando lokufunda kanye nokufunda okuthile. Ukuxoxa izindaba kanye nezincwadi kuyisinyathelo esihle kakhulu sokwenza ukuthi izingane zicabange ngezinto ezinkulu. Ukusebenzela izingane kanye nokwazi ukufunda kuyithuba lokunikela ngokuthile.

URico Schacherl

Bulelani Futshane, founder of Township Roots

At Township Roots we focus not only on improving the standard of literacy in impoverished communities, but also on helping young people envision life beyond the impoverished communities they find themselves in.

I didn't really have the opportunity of being read to when I was a child, but I was very into listening to fairy tales and I enjoyed them a lot. It helped me to broaden my way of thinking; my imagination. My mom's stories would take me on a trip, you know? Sometimes it was scary and sometimes it was magical.

With stories I was able to see life beyond the environment I found myself in. Through stories I was able to learn more about other cultures and understand the importance of nature. As I grew older, I started to see the impact of storytelling on my language skills and also how it broadened my vocabulary. Stories helped me become better at expressing myself in my mother tongue and I wanted to be a better English speaker too. And so I got involved with debating – and it all started with listening to stories.

Bulelani Futshane

Hennie Lombard



UBulelani Futshane, umsunguli weTownship Roots

ETownship Roots asigxilanga kuphela ekuthuthukiseni amazanga okwazi ukufunda nokubhala emiphakathini empofu, kodwa nasekusizeni abantu abasha ukuthi babone impilo nangalezana kwemiphakathi empofu abazithola bekuyo.

Angizange empeleni ngibe nethuba lokuthi ngifundelwe lapho ngiseyingane, kodwa ngangikuthanda ukulalela izinganekwane futhi ngangizithokozela kakhulu. Zangisiza ukuthi ngisabalalise indlela engicabanga ngayo, nengizakhela ngayo izithombe zomqondo. Izindaba zikamama wami zazingithathisa uhambo, uyazi? Ngesinye isikhathi lwalwethusa kanti ngesinye isikhathi lwalunomlingo.

Ngenxa yezindaba bengikwazi ukubona impilo engale kwendawo ebengizithola ngikuyo. Ngenxa yezindaba bengikwazi ukufunda nokunye ngamanye amasiko kanye nokuqonda ukubaluleka kwemvelo. Ngesikhathi ngikhula ngiba mdala, ngaqala ukubona umthelela wokuxoxa izindaba emakhonweni ami olimi nokuthi kwalandisa kanjani inani lamagama engiwaziyo. Izindaba zangisiza ukuthi ngikwazi ukusho lokho engifisa ukukusho ngolimi lwami lwasekhaya kanti ngangifuna ukuba umuntu okhuluma isiNgisi ongcono futhi. Futhi ngabe sengizibandakanya nezingxoxompikiswano – kanti konke kwaqala ngokulalela izindaba.

UBulelani Futshane



NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

Ikwekwezi FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

Lesedi FM on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

Ligwalagwala FM on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

Munghana Lonene FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

Phalaphala FM on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

RSG on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

Thobela FM on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

Ukhozi FM on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

Umhlobo Wenene FM on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

X-K FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lakwaNal'ibali!

Ku-Ikwekwezi FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

KuLesedi FM ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

KuLigwalagwala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuMunghana Lonene FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

KuPhalaphala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

KuRSG ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuSAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

KuThobela FM ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

Ku-Ukhozi FM ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

Ku-Umhlobo Wenene FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni

KuX-K FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni



Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep books, *The tooth fairy*, (pages 5, 6, 11 and 12) and *Lazola's lost goat* (pages 7, 8, 9 and 10) as well as the Story Corner story, *How the ostrich got a long neck* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

The tooth fairy

Mbali is so happy to lose her first tooth because she knows this means she will be visited by the tooth fairy! But things go wrong when Mbali's sister becomes jealous of the amount of money the tooth fairy leaves for Mbali's tooth. Children aged 6 and older are more likely to enjoy this story about honesty. With younger children, you might want to show them the pictures as you retell the story more simply in your own words.



★ After you have read the story aloud, try discussing some of these questions with your children.

- ☉ Why, do you think, Zoleka stole one of the R5 coins?
- ☉ Mbali was quite happy with only two R5 coins, so do you think it matters that Zoleka took the third coin?
- ☉ Were there other things that Zoleka did that you think were not right?
- ☉ Do you think the punishment that Zoleka got was fair?
- ☉ Are there other stories you have read or heard in which a character has been dishonest? What happened in those stories?

★ There are no pictures of the tooth fairy in this story! Encourage your children to draw a picture to go with the paragraph on page 6 where the tooth fairy visits the girls' bedroom.

Lazola's lost goat

Lazola loves his goat, Spotty, very much, but then Spotty goes missing. Lazola looks for her everywhere, but he can't find her.

★ Together look at the picture on page 15 of the storybook again. Can you find these places: Lazola's house, Ma Mary's house, the shop, the tree where Lazola saw the girl on the swing and the place next to the river where the woman was collecting wood?

★ Encourage your children to make up their own stories about a lost pet or farm animal. Suggest that they write down their stories – or write their stories down for them.



How the ostrich got a long neck

Did you know that long, long ago ostriches had short necks? What happened one night when Mrs Ostrich was out dancing and Mr Ostrich was looking after their eggs, changed this forever.

- ★ Let your children use clay or Plasticine, sticks and feathers or leaves, to make their own ostriches.
- ★ Discuss what you all think Mrs Ostrich looked like when she was dancing and then dance like that to your favourite song!
- ★ Invite your children to draw a picture of their favourite part of the story. Then suggest that they copy out the words from the story that go with their pictures.



- ★ Vumela izingane zakho ukuthi zisebenzise ubumba noma iPlasticine, izinduku kanye nezimpaphe noma amahlamvu, ukuze zakhe izintshe zazo.
- ★ Xoxani nonke ngendlela enicabanga ukuthi uNkosikazi uNtshe wayebukeka ngayo ngesikhathi edansa bese nidansela iculo enilithandayo kanjalo!
- ★ Mema izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe sengxenye eziyithandayo yendaba. Bese wenza isiphakamiso sokuthi zikopishe amagama asendabeni ahambisana nezithombe zazo.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *UNhloyile*, (ikhasi lesi-5, lesi-6, le-11 nele-12), kanye nethi *Imbuzi kaLazola elahlekile* (ikhasi lesi-7, lesi-8, lesi-9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lezindaba ethi *Yayithola kanjani intshe intamo ende* (ikhasi le-15). Khetha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

UNhloyile

UMbali uthokoziswe kakhulu ukulahlekelwa yizinyo lakhe lokuqala ngoba uyazi ukuthi lokhu kuchaza ukuthi uzovakashelwa unhloyile, uferi wamazinyo! Kodwa konakala izinto ngesikhathi udadewabo kaMbali eseba nomona ngenani lemali unhloyile ayishiyela izinyo likaMbali. Izingane ezineminyaka eyisi-6 noma ngaphezulu yizo ezingayithokozela le ndaba emayelana nokuba qotho. Nezingane ezincane, kungenzeka uthande ukuzikhombisa izithombe ngesikhathi uyixoxa kabusha indaba ngendlela elula nje ngamazwi akho.

★ Ngemva kokufunda indaba kakhulu, zama ukuxoxa ngeminye yale mibuzo nezingane zakho.

- ☉ Ucabanga ukuthi kungani uZoleka entshontshe olunye uhlamvu lwama-R5?
- ☉ UMbali wayethokoze kakhulu ngezinhlamvu ezimbili zama-R5, ngakho-ke ngabe ucabanga ukuthi kunendaba ukuthi uZoleka uthathe uhlamvu lwesithathu?
- ☉ Ngabe zikhona ezinye izinto ezenziwe uZoleka ocabanga ukuthi bezingafanele?
- ☉ Ngabe ucabanga ukuthi beyifanele indlela ajeziswe ngayo uZoleka?
- ☉ Ngabe zikhona ezinye izindaba ozifundile noma ozizwile lapho bekunomlingiswa obengeqotho? Kwenzeneni kulezo zindaba?

★ Akukho izithombe zikanhloyile kule ndaba! Khuthaza izingane zakho ukuthi zidwebe izithombe ezizohambisana nesigaba esisekhasini lesi-7 lapho unhloyile evakashela khona igumbi lokulala lamantombazane.

Imbuzi kaLazola elahlekile

ULazola uyayithanda imbuzi yakhe, uSpotty, kakhulu, kodwa nango-ke eselahleka uSpotty. ULazola umfuna yonke indawo, kodwa akamtholi.

★ Bhokani nindawonye isithombe esisekhasini le-15 lencwadi yezindaba futhi. Ngabe ningazithola lezi zindawo: ikhaya likaLazola, umuzi kaMama uMary, isitolo, isihlahla lapho uLazola abona khona intombazane ekuzwini kanye nendawo eseduze nomfula lapho owesifazane ayetheza khona?

★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zizenzele izindaba zazo ezimayelana nezilwane ezingumngani noma zasepulazini ezilahlekile. Yenza isiphakamiso sokuthi zibhale phansi izindaba zazo – noma wena uzibhalele phansi izindaba zazo.



Yayithola kanjani intshe intamo ende

Ngabe bewazi ukuthi kudala, endulo izintshe zazinezintamo ezimfushane? Lokho okwenzeka ngobunye ubusuku ngenkathi uNkosikazi uNtshe wayezikhiphile eyodansa kanti uMnumzane uNtshe yena wayegade amaqanda abo, kwashintsha izimpilo zabo unomphela.

- ★ Vumela izingane zakho ukuthi zisebenzise ubumba noma iPlasticine, izinduku kanye nezimpaphe noma amahlamvu, ukuze zakhe izintshe zazo.
- ★ Xoxani nonke ngendlela enicabanga ukuthi uNkosikazi uNtshe wayebukeka ngayo ngesikhathi edansa bese nidansela iculo enilithandayo kanjalo!
- ★ Mema izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe sengxenye eziyithandayo yendaba. Bese wenza isiphakamiso sokuthi zikopishe amagama asendabeni ahambisana nezithombe zazo.

Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi siithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.




Drive your
imagination

bukani ukuthi unginkeni unhloyile?" kumemeza yena. "Kwaze kwakuhle lokho, ntombazane yami. Ngabe ungisekile ukuthi azikho ezinye izinhlamvu zemali azishiyile?" kubuza uMama. "Ngisekile, Mama, Ngibhekile. Ziningi ezimbili. Ngabula kakuhlu," kusho uMbali. UMama akabukekanga ejabulile kanti uZoleka yena wayethule du. UMama wabuka uMbali ngesikhathi efaka imali esikogokogweni sakhe. "Ngabe ungisekile ukuthi awufuni ukuthenga lutho, Mbali?" "Cha, Mama, ngizoyonga imali ukuze ngizithengele izicathulo zokudlala ibhola likanobhutshuzwayo uma sengiya esikoleni," kusho uMbali ngeqhoho.






In the morning, Mbali woke up excited and looked under her pillow. She saw two big, shiny five rand coins. "Zoleka, Mama, look at what the tooth fairy gave me!" she shouted. "My girl, that is amazing. Are you sure she didn't leave any other coins?" asked Mama. "I'm sure, Mama, I've checked. Two is a lot! I'm so happy," said Mbali. Mama didn't seem happy and Zoleka was very quiet. Mama watched Mbali drop her money into her piggy bank. "Are you sure you don't want to buy anything, Mbali?" asked Mama. "No, Mama, I'm going to save my money so I can buy soccer boots for big school," said Mbali with pride.

Ekuseni, uMbali wavuka enesasasa wase ebheka ngaphansi komqamelo wakhe. Wabona izinhlamvu ezimbili zemali engamrandi amahlanu ezikhazimulayo. "Zoleka, Mama,



The tooth fairy UNhloyile

Zama Nkosi
Heather Iggulden



This story comes from *Stories that Talk Money*, Heartlines' third collection of stories about values. For more information please email orders@heartlines.org.za or phone (011) 771 2540.

HEARTLINES
The Centre for Values Promotion

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



U Zoleka wayekhule kakhulu, engakhulumi okutheni, okhamba kahle, Zoleka? kubuza uMama. “Yebo,” kuzwakala izwi elisholo phansi. “Kulungile-ke, nilale kahle mantombazane,” kusho uMama. “Nilale ningavuki ukuze unhloyile akwazi ukwenza umsebenzi wakhe.” Ngenkathi amantombazane esale, unhloyile wanyonyoba wangena egumbini lokulala, wathatha izinyo ngokuthula, wafaka imadlana ngaphansi komqamelo, wase enyamalala nobusuku. U Zoleka wavuka ngesikhathi ikhethini linyakaza. Wanyonyoba waya embhedeni kaMbali. Butule, waphakamisa icala elilodwa lomqamelo kaMbali butule. Kwakungekho lutho. Wanyonyoba waya ngakwelinye icala lombhede. Waphakamisa elinye icala lomqamelo ngokucophelela. Wabona ukuthi kwakungekho lona uhlamvu olilodwa nje, kungezona ezimbili, kodwa kwakuyizinhlamvu ezintathu ezinkulu, ezikhazimulayo zamarandi amahlanu. Yena wayenikwe ngunhloyile izinhlamvu zemali engamarandi amahlanu ezimbili. U Zoleka wazizwa enomona. Babungekho ubulungiswa lapho. Kodwa uma wayethatha uhlamvu olulodwa lwaleyo mali, akekho umuntu owayezokwazi ngalokho. Ngakho-ke, ngaphambi kokuthi abuye acabange ngalokho, wathatha olunye lwezinhlamvu wase ebuyela embhedeni wakhe. Walutumbatha waqinisa uhlamvu lwemali esandleni sakhe ngesikhathi ezama ukuphinde alale.

“This is definitely a loose tooth,” said Mbali as she wiggled her tooth. “Definitely!”

“You know what that means, right?” asked her big sister, Zoleka.

“The tooth fairy!” smiled Mbali.

Mbali had heard a lot about the tooth fairy when Zoleka had lost her teeth not so long ago. Mbali knew that if you hid your tooth under your pillow, the tooth fairy would come in the night, take your tooth, and leave you some money.

Over the next two days, all Mbali could think about was her tooth. She touched it with her tongue every chance she got. She wiggled it with her fingers when no one was looking. She pulled it and pulled it, but it wouldn’t let go.

“Leli yizinyo elixega ngempela,” kusho uMbali ngenkathi enyakazisa izinyo. “Impela!”

“Nawe uyazi ukuthi kusho ukuthini lokho, angithi?” kusho udadewabo omdala, uZoleka.

“Unhloyile!” kumamatheka uMbali.

UMbali wayezwe kakhulu ngonhloyile, uferi wamazinyo, lapho uZoleka elahlekelwe izinyo lakhe esikhathini okungekudala sedlule. UMbali wayazi ukuthi uma ufihla izinyo lakho ngaphansi komcamelo wakho, unhloyile uzofika ebusuku, athathe izinyo lakho, bese ekushiya imadlana.

Ezinsukwini ezimbili ezalandela lezo, ukuphela kwento uMbali ayecabanga ngayo kwakuyizinyo lakhe. Wayelithinta ngolimi lwakhe njalo uma ethola ithuba. Wayelinyakazisa ngeminwe lapho kungekho muntu obhekile. Wayelidonsa aphinde alidonse, kodwa lalingaphumi.

That day at school Zoleka bought a lot of sweets. She wouldn’t share them with Mbali. “Use your own money, Mbali. I don’t want to share,” said Zoleka.

I wonder where Zoleka got all that money, Mbali wondered. But she didn’t say anything because her sister seemed cross.

That night Mbali told Mama about how Zoleka had bought a LOT of sweets and didn’t want to share them. “Where did you get the sweets, Zoleka?” asked Mama. “From a friend, Mama,” lied Zoleka. “Which friend?” Mama asked. “You don’t know her, Mama and Mbali also doesn’t know her,” said Zoleka.


UZoleka wacabanga ngesikhathi sonke ayesichithile onga imali. Njalo lapho eholelwa ngokuhlanza igceke likaMama uNgoma, wayefaka imali yakhe esikoqokoqweni sakhe. Lapho kuphuma amazinyo akhe, nonhloyile emnika imali, wayeyifaka esikoqokoqweni sakhe. Ngenkathi uGogo ebavakashele ngoKhisimusi odlule wase ebanika imali yangempela eyiphepha, naleyo mali wayifaka esikoqokoqweni sakhe. Ngemva kokusebenza kanzima kangaka, wayesezolahlekelwa yikho konke.

“Yebo, Mama,” kusho uZoleka kalusizi. “Ngiyaxolisa, Mama. Ngiyaxolisa, Mbali. Angeke ngiphinde ngiyenze leyo nto.”

“Kulungile, Zoleka. Ngiyakuthanda, futhi ngizokusiza ukuthi usebenze kanzima ukuze uthole imali ozoyifaka esikoqokoqweni futhi,” kusho uMbali.


Bawolana odade, kanti kwamthokozisa kakhulu uMama ukuthi uZoleka ufunde isifundo sakhe nokuthi uMbali umxolele.

“Ngabe uke wayibona imbuzi yami?”
ebuza intombazane ekuzwini.



“Have you seen my goat?” he asked
a girl on a swing.

“Ngiyibone yehla ngomgwaqo iya
emasimini,” kusho umfana.



“I saw her walk down the road to
the field,” said the boy.

Lazola's lost goat is from the Rainbow Reading series by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a graded series for primary schools. It provides a wealth of original stories and factual texts, which will help learners to develop the reading skills and vocabulary they need to meet the requirements of the curriculum – in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350 titles which are grouped by level and theme. For further information, visit www.cup.co.za




Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
Email info@cup.co.za



CAMBRIDGE
UNIVERSITY PRESS
www.cup.co.za

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



It starts with a story...

